

# Vuk'uzenzele

**JOBS  
INSIDE!**

Produced by Government Communications (GCIS)

English/isiZulu

| Ntulikazi 2019

Ushicilelo 1

**SONA  
SPECIAL  
EDITION**



JOB CREATION

EDUCATION

HEALTH

QUALITY BASIC SERVICES

HUMAN SETTLEMENTS  
& LOCAL GOVERNMENT

ETHICAL AND  
DEVELOPMENTAL STATE

A BETTER AFRICA AND WORLD

SAFE COMMUNITIES

## The President's plan of action



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

Vuk'uzenzele

Websites: [www.gcis.gov.za](http://www.gcis.gov.za)

[www.vukuzenzele.gov.za](http://www.vukuzenzele.gov.za)

E-mail: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)

Tel: (+27) 12 473 0353

**FREE  
COPY**

**FREE COPY NOT FOR SALE**

# South Africa's investment drive intensifies

**A**s part of building "a South Africa we want", President Cyril Ramaphosa says government will intensify its already successful investment drive.

This will build on the R300 billion worth of investments announced during the 2018 inaugural Investment Conference. Of these, just over R250 billion worth of projects have entered implementation phase.

"We continue to build a pipeline of investments, which will be showcased at the second South African Investment Conference to be

held on 5 to 7 November," said the President.

The President made the announcement at the State of the Nation Address (SoNA) held recently in Parliament.

President Ramaphosa had appointed investment envoys to search for investors with deep pockets last year.

The President's Special Envoys on Investment include finance heavyweights such as former Finance Minister Trevor Manuel, former Finance Deputy Minister Mcebisi Jonas, the executive chairperson of Afropulse



Group, Phumzile Langeni and chairman of Liberty Group and former CEO of Standard Bank Jacko Maree.

"At a time of uncertainty, the work of the investment envoys has built important bridges between government

and the business community. From their feedback, it is clear that much more still needs to be done to improve the investment climate," said the President.

This, he said, includes reviewing the way government coordinates work to resolve challenges faced by investors and reforming investment promotion policy and architecture.

The private sector has committed to invest R840 billion in 43 projects over 19 sectors and to creating 155 000 jobs in the next five years. [SAnews.gov.za](http://SAnews.gov.za)

ooo

## Onjiniyela bezingqalasizinda abasebasha baphendla indlela eya ekusaseni eliqhakazile

**IBHIZINISI ELISANDA** kwethulwa embonini yokwakha linokuningi okuncomekayo ngalo: Liholwa ngabesifazane, abanikazi balo bamnyama futhi bazimisele kakhulu ngokuba negalelo kwezomnotho.

### Silusapho Nyanda

**A**bantu abasha ababili basungulela intshakimisebenzi, konke lokhu kungenxa yemalimboleko evela kwi-Industrial Development Corporation (IDC).

Abanikazi beMaloka Machaba Surfacing, u-Kate Machaba noMatshela Maloka, sebeqashe abantu abangama-28, iningi labo okungabantu abasha, ebhizinisini labo letiyela elizinze ePolokwane.

Bobabili labo njiniyela bezingqalasizinda baneminyaka engama-32 ubudala futhi banentshisekelo yokuba abaholi bomnotho.

Ibhizinisi labo lihlinzeka ngemisebenzingqangi emithathu: ukukhiqiza, ukulungiswa kwemigwaqo noku-thuthwa kwetiyela elishisayi nelibandayo.

Ingxube yetiyela elishisayo isetshenziswa kakhulu ekwakhweni kwemigwaqo yetiyela kanti elibandayo lisetshenziselwa ukuvala izigojana zasemgaqweni.

Kokubili itiyela elishisayo nelibandayo kuxutshelwa endaweni yenkampani futhi lifika nesitifiketi sokugunyaza esivela elabhorethri ehlola izakhi zobunjiniyela bokwakha yakwa-Mocha Labs.

UMaloka, oyisikhulu esiphuzulu seMaloka Machaba Surfacing, uthe imalimboleko abayithola kwa-IDC yabasiza ukuba bathenge imishini ekhethekile edingekayo ukuze basebenze endaweni yetiyela, kubandakanya amaloli, imishini yokugandaya umgwaqo, amarola nezisabalalisi.

### Ukufaka isicelo semalimboleko ku-IDC

Isicelo senkampani semalimboleko sadlula ezinqubweni eziningana kule nhlango exhasa amabhizinisi ngosizo lwemali. UMachaba, oyisikhulu esiphuzulu sezokusebenza, uthe kwadingeka bethule uhlelo olwalucwaningisise ngebhizinisi labo ngenkathi befaka isicelo semalimboleko. "Qinisekisa ukuthi wenze



Umphathi we-IDC Esifundeni saseLimpopo uKgampi Bapela enabanikazi be-MM Surfacing u-Kate Machaba noMatshela Maloka.

ucwaningo oluphelele ngebhoni ofuna ukungena kuyo," kusho yena, wanezela ngokuthi osomabhizinisi kufanele bakhumbule ukuthi imalimboleko kufanele ibuyiselwe.

IMaloka Machaba Surfacing isendleleni eya empumelelweni ngenxa yosizo eya-

luthola ku-IDC.

Izicelo zoxhasomali zingenziwa kuwebhusayithi ye-IDC noma emahhovisi. Isikhungo siluleka abafakizicelo ukuthi baqinisekise ukuthi isicelo sihamba nawo wonke amaphepha adingekayo. Uma i-IDC ithola isicelo, iyasho ukuthi isitholile isicelo

futhi ingase icele umfakisicelo ukuba alethe eminye iminingwane noma imibhalo.

I-IDC ibe isiletha impendulo ebhaliwe ngomphumela wesicelo. Uma i-IDC yanelisekile ngebhizinisi, umfakisicelo uyacelwa ukuba asayine inkontileka yemalimboleko.

V

# Skills development crucial for economic growth

## More Matshedis

**S**kills development made it to the list when President Cyril Ramaphosa outlined the top seven priorities of the sixth administration during the State of the Nation Address (SoNA).

He read out 'education, skills and health' to be the second priority of government after 'economic transformation and job creation'.

The President said government will expand South Africa's high tech industry by ensuring that the legal and regulatory framework promotes innovation, scaling up skills development for young people in new technologies, and reducing data costs.



"Wherever we have gone young people have continuously raised the issue of the excessive high data costs in South Africa," said the President.

The President said he was aware of how data costs in the country affect youth's participation, skills development and contribution to the Fourth Industrial Revolution (4IR).

Broadly speaking, 4IR speaks

to the changes that are taking place in technology. These changes bring a new way of thinking in terms of how technology is used at work, for everyday use and how people relate with one another.

He said within the next month, the Minister of Communications will issue the policy direction to the Independent Communications Authority of

South Africa (ICASA) to commence the spectrum licensing process.

"This process will include measures to promote competition, transformation, inclusive growth of the sector and universal access," he said.

"This is a vital part of bringing down the costs of data, which is essential both for economic development and for unleashing opportunities for young people," he added.

The President also called on the telecommunications industry further to bring down the cost of data so that it is in line with other countries in the world.

## Paid workplace experience

Government will expand its

programmes to enable young people to gain paid workplace experience through initiatives like the Youth Employment Service, and also facilitating work-based internships for graduates of technical and vocational programmes.

President Ramaphosa said government will continue to develop programmes to ensure that economically excluded young people are work ready and absorbed into sectors where 'jobs demand' is growing.

These sectors include global business processing services, agricultural value chains, technical installation, repair and maintenance and new opportunities provided through the digital economy and the fourth industrial revolution. **V**

ooo

# Umakhi wobucwebe uhlabane kakhulu ebhizinisini

**UMQOPHI WENSIMBI** osemncane waseLimpopo ufisa ukwethula uhlelo lokuqeqesha abasebenza ngobuciko bemisebenzi yezandla ukuba bafunde ukwakha ubucwebe emva kwesikole.

## Silusapho Nyanda

**U**Kgaugelo Molope (24) ulokhu ethuthukisa amakhono akhe okudweba izinhlobo ezintsha zobucwebe.

Umqophi wensimbi ozinze ePolokwane, osebenzela e-Seda Limpopo Jewellery In-



■ Umnikazi we-KG Jewellery uKgaugelo Molope fibunye bobucwebe bakhe.

cubator (i-SLJI), uthi abasebenza ngobuciko bemisebenzi yezandla kumele bahlale bezama ukuthuthukisa ubuciko babo nokucija amakhono amasha.

"Isikhathi siyalicijisa ikhono ... Ikhono lami njengamanje njengomqophi wensimbi lithuthuka ngobungako besikhathi engisisebenzisayo ukwenza ubucwebe obusha.

Futhi, ngisebenza ngempumelelo enkulu kulokhu esikubiza ngezisetshenziswa. Lokho kungak

mathuluzi aphuka noma aphela ngokushesha. Ngikusebenzisa kancane kakhulu lokhu," kuchaza yena.

Kusukela ngonyaka wezi-2015 kuya kowezi-2017 uMolope waqeqeshwa njengomqophi wobucwebe eNtaliyane, ngaphansi komfundaze awuthola ku-Mining Qualifications Authority (MQA) kanye nomfundaze Wesikhwama Sikazwelonke Sezamakhono woMnyango WezeMfundo Ephakeme Nokuqeqesha.

Ngemva kokuphothula izifundo zakhe zeminyaka emibili phesheya, wafunda waqeda ohlelweni lokuqeqesha lwe-State Diamond Trader.

"I-MQA yahlinzeke abafundi ngomfundaze waseNtaliyane ... Ngemva kwalokho, i-MQA yabambisana ne-State Diamond Trader, nokuyiyo eyaxhasa ngezimali uhlelo lokucathuliswa emse-

benzini lapha eNingizimu Afrika," kusho yena.

Isitifiketi sakhe sokuhweba simvumela ukuba akwazi ukusebenza njengomqophi wensimbi, nokuyiziqu zokwenza ubucwebe eziseqophelweni eliphakeme kakhulu ezweni.

Ngaphandle kwe-SLJI ibhizinisi lakhe ngabe alikho, ngoba ubengeke abe nezinsizakusebenza azidingayo ukuze akwazi ukusebenza. "I-SLJI ingisiza ngomlilo, nokuyinto eyisisekelo ekukhiqizeni," kusho uMolope, osebenzisa isiliva, uboya bendlovu nezinsimbi eziyigugu ukuze akhe ubucwebe bakhe.

Umlilo uMolope awudingayo ukuncibilikisa izinto azisebenzisayo ushisa cishe ngama-1 000 degrees celsius.

UMolope udayisa imikhiqizo yakhe ngosizo lokutshelana kwabantu kanye nasezinkundleni zokuxhumana.

Mayelana nekusasa, uhlose ukuqala isikhungo soku-

thuthukiswa kwamakhono okuhweba ukuze aqeqeshe abantu abenza umsebenzi wamakhono ezandla abafuna ukungena emkhakheni wokudwetshwa kobucwebe. "Ngizama ukuqala uhlelo lokufunda uma kuphuma isikole oluqeqesha abantu abasebenza ngamakhono ezandla," kusho yena. **V**

## UTHI BEWAZI?

**Umfundaze we-MQA uyatholakala kubafundi ababhalise emanyuvesi, amakolishi Emfundo Yokuqeqesha Umsebenzi (TVET), kanye namanyuvesi obuchwepheshe.**

Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa mayelana nomfundaze we-MQA shayela lapha: 011 547 2600.